

UMNYANGO WOKUTHELISA WAKWA-SARS UBAMBE OKUNGAFINYELELA KU-R 90 MILLION

Pretoria, 19 kuZibandlela 2018 – Ezigamekweni ezimbili ezechlukene, abasebenzi boMnyango wokuThelisa kwezoPhiko Iwezimali eziNgenayo eNingizimu Afrika babambe i-Acetanthranil – into esetshenziswa noma exhumene nokukhiqizwa kwezidakamizwa i-Mandrax – ebinesisindo esingu-1600kg kanye nenye engu-1581kg, ngokulandelana, ezilinganiselwa ku-R90-million esikhumulweni sezindiza e-OR Tambo International Airport (ORTIA) ezinsukwini ezimbili ezedlule.

ILabhorethri yoMnyango woSizo IwamaPhoyisa (SAPS) Forensic Services Laboratory (FSL) baqinisekile ukuthi into le ibilinganiselwa enanini elingu-R90 million uma idayisa emgwaqeni.

Abakwa-SARS banika uMnyango wamaPhoyisa lezi zimpahla ukuze uqhubeke nophenyo.

Kwesinye isigameko e-ORTIA ngoLwesihlanu Iwesonto eledlule, impahla engamaphilisi okukhuthaza kwezocansi angama-241 920, enani elingu-R24 192 000.00, abanjwa ngenkathi kuphenywa. Izimpahla zanikwa iChweba lezeMpilo ukuze kuqhutshewo nophenyo.

E-Durban ekuqaleni kwesonto eledlule, umuntu wangaphandle kwakuleli owayezama ukufumbathisa umsebenzi woMnyango wokuThelisa wakwa-SARS imali engama-R200 000 uvele enkantolo yaseThekwini i-Durban Specialised Commercial Crime Court. Umsolwa ubehlose ukusebenzisa lokho kufumbathisa ukuze kukhululwe iloli ebeliboshiwe ebelligcwele utshwala, intelo yoMnyango wokuThelisa neNtelo yempahla yotshwala ibingu-R1 200 000.00.

Ngenkathi eboshwa, umsolwa wayephethe i-invoyisi engumbombayi, ethi utshwala lobu wabuthola kwesinye sezitolo zeziphuze ezaziwayo eGauteng.

Kuthe uma ephonswa imibuzo, umsolwa wahluleka ukuchaza kahle noma ukuveza ubufakazi bokuthi ubuthole kuphi lobu tshwala. Ngalokho-ke, abasebenzi babe

sebenika umsolwa lowo incwadi yenhoso i-Letter of Intent ukuze babambe iloli kanye nomthwalo walo.

Kubalulekile ukugcizelela ukuthi yize lingekho izwe elingenzakalelwa yilobu bugebengu, kodwa abakwa-SARS, njengophiko olunomthwalo wokuqoqa izimali, uhlala usengcupheni yokugetshengwa. Ukulwa nenkohlakalo kubaluleke kakhulu kwa-SARS njengoba siqhubeka nokubuyisa ukwethembeka. Ngalokho, umsebenzi woMnyango wokuThelisa e-Durban onqabe ukufumbathiswa siyamncoma kakhulu ngokuwuhlabu awulawule angavumi ukuba yingxenye yenkohlakalo.

[Cofa lapha ukuze ubone izithombe.](#)